education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## GRADE 10

## ISIZULU ULIMI LWEBELE LOKWENGEZA

## IPHEPHA LESITHATHU

## IPHEPHA ELIYISIBONELO

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: Amahora ama- 3**

**Leli phepha linamakhasi ayisikhombisa (7)**

**121 3 F**

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:
   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30 )
   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imilayezo (10)
   ISIQEPHU D: Imibhalo equkethe ulwazi, ebonwayo nesebenzisa izindlela eziningi zokuxhumana. (10)

3. Abahlowayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B, OWODWA esiqeshini C NOWODWA esiqeshini D

4. Mabaqale umbuzo ngamunye ekhasini ELISHA.

5. Mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.

6. Mabaqaphelisise isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.

7. Ubude bokubhala lo msebenzi buhamba kanje:
   ISIQEPHU A: Bhala amagama ayi-140 - 180. Khumbula ukuthi uphoqelekile ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa ngoba lunamamaki.
   ISIQEPHU B: Umbhalo omude odlulisa umyalezo ube amagama angama-80 - 100.
   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa umyalezo mayibe amagama angama-20-40
   ISIQEPHU D: Imibhalo equkethe ulwazi, ebonwayo nesebenzisa izindlela eziningi zokuxhumana mayibe amagama angama-20-40.

## ISIQEPHU A

Khetha isihloko esisodwa ubhale ngaso amagama ayi-140 – 175 kuphela. Ungakhohlwa ukwenza uhlaka (plan) lwendaba yakho ngoba lunamamaki alo lodwa.

### UMBUZO 1

Funda isiqeshana esilandelayo wenze okushiwo umyalelo ngezansi kwaso.

**AMALUNGELO EZINGANE**

*Kufanele bangashaywa ekhaya noma esikoleni
*Kufanele bathandwe
*Kufanele bangahlukumezeki
*Kufanele bangasetshenziswa umsebenzi onzima
*Kufanele bathole imfundo yamahhala ezikoleni

**Sicashunwe kwabe- YOUTH COMMISSION (PRETORIA)**

Ngabe intsha yanamuhla iwasebenzisa ngendlela efanele amalungelo ayo? Uthini owakho umbono ngalokhu? Bhala indaba uveze umbono wakho. **[40]**

**NOMA**


### UMBUZO 2

Bhala indaba ngesihloko esilandelayo:
Imvula enkulu eyacishe yemukisa imizi endaweni yakithi. **[40]**

**NOMA**

### UMBUZO 3

Bukisisa isithombe ekhasini elilande layo bese ubhala indaba ngaso. Ungakhohlwa ukuyinika isihloko esiyifanele. **[40]**




**NOMA**

**UMBUZO 4**

Ingabe ukufunda uhlala ekhaya kukunikeza amathuba angcono okwenza umsebenzi wesikole kunokufunda uhlala emqashweni? **[40]**

**NOMA**

**UMBUZO 5**

Ukuba ubaba wami usaphila ngabe asihlupheki ngale ndlela esihlupheka ngayo manje. Bhala indaba uyinikeze isihloko esiyifanele, uveze imizwa yakho ngale nkulumo engenhla. **(40)**

**ISIQEPHU B**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale kube amagama angama-80-100.

**UMBUZO 1**

Ungunobhala wekomidi lentsha endaweni yakini. Ngebhadi omunye welunga lekomidi washonela endleleni ethathwa yisifo senhliziyo. Abomndeni welunga elishonile bakucele ukuthi ubhale umlando wakhe ozofundwa ngenkonzo yomngcwabo. Bhala-ke lo mlando wongasekho ulandele imigomo. **[30]**

**NOMA**

## UMBUZO 2

Kade ungekho esikoleni isonto lonke ngenxa yokugula. Bhalela uthishanhloko incwadi umtshele ngesizathu zokungabikho kwakho esikoleni. **[30]**

**NOMA**

## UMBUZO 3

Bhala uhlelo lokuzazisa (CV) , uluthumele kuMasipala wase-Richmond okhiphe isaziso sokuthi ufuna imenenja yophiko lwe-Human Resource. Susela uhlelo lwakho esikhangisweni esilandelayo:

**UMASIPALA WASE-RICHMOND**

UMasipala wase-Richmond umema abafisa ukufaka izicelo zomsebenzi olandelayo:

**UMPHATHI: HUMAN RESOURCE**
**Iholo: R78 517.68 – R90 172.92**

Lesi sikhundla sinezinselelo eziningi. sidinga umuntu ozimiselayo ngomsebenzi wakhe. Ofaka isicelo makabe ne-diploma efanele kanye nesitifiketi sikamatikuletsheni. makabe nesipiliyoni seminyaka emibili enza lo msebenzi.

Imisebenzi azoyenza:

- ukuphatha uphiko
- ukwakha imithetho efanele
- ukudidiyela imisebenzi yophiko
- ukwaluleka imeya kamasipala

Ofisa ukuthola lo msebenzi makathumele uhlelo lokuzazisa (cv) emahhovisi omkhandlu aluqondise kuMnu. Sagila Mfene. Makuthunyelwe kuleli kheli:
Umasipala wase-Richmond, P/Bag 111222, Endaleni 3006.

**[30]**

## ISIQEPHU C

Khetha isihloko ESISODWA ubhale amagama angama-20 - 40

## UMBUZO 1

Isikole sezingane zenu sipheshukelwe izinkethe zaso zonke. Izingane azisenayo indawo yokufundela. Wena njengonobhala wenhlangano yabazali, ucelwe ukuba umeme bonke abazali beze emhlanganweni ophuthumayo. Bhala i-ajenda yalo mhlangano. **[10]**

**UMBUZO 2**

Umnumzane Sithole ungusomabhizinisi, unobhala esontweni, ubuye ahambise, alande nengane esikoleni. Namhlanje imisetshenzana yakhe miningana kunale ahlale eyenza. Ukuze angakhohlwa okufanele akwenze, makabhale kudayari konke okufanele akwenze. **[10]**

**UMBUZO 3**

Gcwalisa leli fomu lasesibhedlela unikeze imininingwane yakho njengesiguli esizokwelashwa. Gcwalisa zonke izikhala ngokucophelela. Zidwebele elakho ebhukwini lokuphendulela.

**UMNYANGO WEZEMPILO KWAZULU-NATALI**

**Ngwelezane Hospital**
**Ifomu Lokwamukelwa Kwesiguli**

Isibongo negama:..........................................................

Usuku lokuzalwa:..........................................................

Inombolo yomazisi:........................................................

Indawo ohlala kuyo:.......................................................

Ikheli leposi:..................................................................

Ilungu lomndeni:............................................................

Ucingo:..........................................................................

Sewuze kangaki esibhedlela:............................................

Izifo oke waba nazo:.......................................................

Incazelo emfishane yesifo esikuphethe ..........................

..................................................

..................................................

Ukusayina:............................Usuku:.............................

**[10]**

**ISIQEPHU D**

**UMBUZO 1**

Bukisisa isithombe esilandelayo bese ubhala isikhangisi (advert) ngaso.

**UMBUZO 1**




**[10]**

**UMBUZO 2**

Bhala imeyili unikeze abazali bakho imininingwane yomcimbi wokunikezwa kweziqu ozobe ungoMgqibelo eNyuvesi ofunda kuyo. **[10]**

**UMBUZO 3**

Abazali bakho bazokwenzela udadewenu umcimbi wokuqeda iminyaka engama-21. Bhala ikhadi lesimemo umeme umngane wakho ukuba eze kulomcimbi. Mnikeze yonke imininingwane yomcimbi. **[10]**

**AMAMAKI ESEWONKE: 100**